## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | isikhangiso | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzuengama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**UWandi Uyabuya KwiGenerations**



UChi Mhende ungumlingisi owazalelwa eZimbabwe. Njengoba esebuyela kuGenerations: The Legacy, uthi ababukeli abazuwuvala umlomo ngalo mdlalo.

UChi, olingisa indawo kaWandile 'Wandi' Radebe, uthe njengamanje umatasatasa nokuqopha iziqephu ezizothandwa abantu abaningi ababukela iGenerations. Ngesikhathi ebuzwa ukuthi iziqephu aziqophayo zikhuluma ngani, unqabile ukusho. Uvele wathi abantu ababukele umdlalo weGenerations: The legacy ukuze bathole izimpendulo zemibuzo yabo. Lo mdlalo usakazwa kuSABC 1 kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu.

UChi waba ngumlingisi wokuqala wesifazane ukudlala indawo yomuntu wesilisa ekubeni yena engumuntu wesifazane kangangoba wagcina eseguqulwa ubulili. Nokho-ke kade esamile ukudlala kwiGenerations. UChi ubesagxile emdlalweni weshashalazi (stage play) osihloko sithi 'Chasing Chairs'.

Ukulingisa kwiChasing Chairs kumvulele ithuba lokuthi aqokwe emqhudelwaneni wabalingisi ababambe iqhaza emidlalweni yeshashalazi njengoba eqokwe ngendawo kaKat abeyilingisa kwiChasing Chairs. Lo mqhudelwano ubizwa ngokuthi i-14th Naledi Theatre Awards. Abanye abalingisi abangene noChu esigabeni (category) esisodwa kulo mqhudelwano ngoMasasa Mbangeni, Ameera Patel, Jennifer Steyn kanye noVanessa Cooke. Indondo abayibangayo eyeBest Performance in a Play: Female.

Kukhona ezinye izinkakha zabalingisi abaqokwe kumaNaledi emikhakheni ehlukahlukene nje ngoMbongeni Ngema, Nondumiso Tembe, Andile Gumbi, Velephi Mnisi, Nompumelelo Gumede, Noxolo Dlamini, Kanyi Nokwe, Gregory Maqoma, Todd Matshikiza, Camilla Waldman, Mncedisi Shabangu, John Lata, Valephi Mnisi, Bianca le Grange, Lerato Mvelase, Mpho Osei-Tutu, Lindani Nkosi, Warren Masemola, Sello Maake kaNcube.

Le ntokazi yenze/ifunde izifundo zeBA in Live Perfomance esikhungweni semfundo ephakeme sakuleli eCape Town ngo-2006 ngaphambi kokulingisa emidlalweni nasemafilimini.

Miningi imidlalo aseke wayidlala yethelevishini. Nansi imidlalo asedlale kuyo: iStokvel, iMad Dogs, iHomeland, iJamillah and Aladdin kanye neDominion.

Ngo-2014 uChi walingisa efilimini yamahlaya ethi LoveThe One You Love futhi wathola indondo yeBest Actress iDurban Film International Festival.

[Isuselwe kwi-Isolezwe, 27 kuMeyi Wezi-2018]

1.1.1 Bhala isibongo sikaChi. (1)

1.1.2 Wazalelwa kuliphi izwe uChi? (1)

1.1.3 Idlala kusiphi isiteshi iGenerations? (1)

1.1.4 Ithi **IQINISO** noma **IPHUTHA:**

UChi ungumfana. (1)

1.1.5 Bhala igama lomdlalo weshashalazi owawudlalwa nguChi. (1)

1.1.6 Bhala izinsuku (days) EZINTATHU umuntu angabukela ngazo iGenerations ngokwale ndaba. (3)

1.1.7 UChi wayedlala yiphi indawo emdlalweni weshashalazi? (1)

1.1.8 Bhala igama lomqhudelwano ongenelwe uChi ngemuva kokunyamalala kuGenerations. (1)

1.1.9 Bhala abalingisi ABATHATHU ababanga noChi indondo yeBest Perfomance In a Play. (3)

1.1.10 Bhala izinkakha zabalingisi EZINTATHU zemikhakha ehlukene eziqokwe kumaNaledi. (3)

1.1.11 Bhala eminye imidlalo EMITHATHU uChi aseke adlala kuyo kuthelevishini. (3)

1.1.12 Sikuphi nendawo isikhungo semfundo okwafunda kuso uChi? (1)

1.1.13 UChi wathi abantu kumele benzeni ukuze bazi ngalokho yena azokwenza kuGenerations? (2)

1.1.14 Bhala igama lefilimu eyadlalwa uChi ngo-2014. (2)

1.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO B (OKUFUNDWAYO NOKUBUKWAYO)**





[Isolezwe: 29 kuNovemba wezi-2017]

1.2.1 Ubani umbhali wale khathuni. (1)
1.2.2 Selingunombolo bani iqembu elimi elateni (ladder)? (1)
1.2.3 Ngokwekhathuni, bekufanele lenzeni leli qembu ukuze libe lapho limi khona? (2)
1.2.4 Ngokwazi kwakho, isetshenziswelani le nto ame kuyona lo muntu. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## UMBUZO 2: ISIKHANGISI

**Fundisisa isikhangisi esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**




[Sicashunwe sahunyushwa ku*Bona*, Septhemba 2016]

2.1 Bhala igama lomkhiqizo okhangiswayo kulesi sikhangisi. (1)

2.2 Lesi sikhangisi sicashunwe kuliphi iphephabhuku? (1)

2.3 Yikuphi OKUBILI ongakuwina uma ungenele umncintiswano walesi sikhangisi. (2)

2.4 Bhala lo musho ongezansi ukhombe ukuphika
Yazisa abangani bakho ngeVaseline. (2)

2.5 Ngokucabanga kwakho ukusetshenziswa kwemibala engafani esithombeni salo wesilisa kunamthelela muni kulesi sikhangisi. (2)

2.6 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi liveze enye incazelo kunale esesikhangisweni.
Ukugcebeleka ushiswe **ilanga**. (2)

[10]

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3

3.1 Bhala izigaba zamabizo adwetshelwe emishweni elandelayo.

3.1.1 Umalume uphuza itiye.

3.1.2 Fundisisa ngoba kusasa ubhala isivivinyo.

3.1.3 Uphuthu luphekeka kalukhuni ngebhodwe elincane. (3)

3.2 Shintsha lo musho olandelayo ube sezinkathini ozinikeziwe ngezansi.

**Isikhathi sishesha kakhulu**

3.2.1 Inkathi yamanje.
3.2.2 Inkathi ezofika.
3.2.3 Inkathi eyadlula. (3)

3.3 Nciphisa amabizo abhalwe ngokugqamile emishweni elandelayo.

3.3.1 **Ibhuku** lami ngiliboleke uThabile

**3.3.2** **Isitolo** sakwa-Shoprite sinamanani aphansi.

3.3.3 Kubalulekile ukuthi **umuntu** ahloniphe abanye. (3)

**3.4** Bhala le misho elandelayo ilandule/iphike.

3.4.1 UZethu upheka ubhatata.
3.4.2 Izigebengu zishise isikole.
3.4.3 Abafana bayothenga ibhola lesikhumba. (3)

**UMBUZO 4**

4.1 Gagula uhlobo lwesabizwana esibhalwe ngokugqamile emishweni elandelayo. Qala ngokusibhala leso sabizwana.

4.1.1 **Lezi** zingane azilaleli.
4.1.2 Nizithole **zonke** izincwadi?
4.1.3 Sizothatha **sona** lesi sitsha.
4.1.4 Bakhuluma **bodwa**.
4.1.5 Biza **labaya** bafana
4.1.6 **Wena** uwasha izitsha. (6)

4.2 Bhala izinhlobo zamabizo emishweni elandelayo.

**4.2.1** **Imali** iningi kakhulu kulo muntu.
**4.2.2** Uwuzwile **umoya** ebusuku?

**4.2.3** **Umakhalekhukhwini** uphazamisa izingane esikoleni.

4.2.4 Amabhokobhoko alicule kahle **iculo** lesizwe (4)

**4.3** Bhala uhlobo lwesandiso emishweni elandelayo. Qala ngokusibhala leso sandiso.

4.3.1 Abantu bazofika **emini**.

4.3.2 Ucule **kahle** uNomonde.
4.3.3 Sizovakashela **eMauritius**.

4.3.4 Ubekhona **ntambama** uSizwe? (4)

**UMBUZO 5**

5.1 Funda imisho ongezansi bese uchaze ukuthi igama eligqamile lenze muphi umsebenzi.

5.1.1 Izingane zifundiswa ihlonipho **abazali**. (2)

5.1.2 Umhlengikazi **yedwa** okwazi ukusizaiziguli (2)

5.2 Funda isiqeshana esingezansi bese ugcwalisa izivumelwano ezifanele, Bhala impendulo kuphela.

| |
|---|
| Izinhlahla (5.2.1...nde)ziyasiza uma kunomoya (5.2.2...khulu). Lokhu kuvezwe ucwaningo (5.2.3....sha) lomnyango wezamahlathi eNingizimu Afrika. Izindawo (5.2.4...zingi) zabantu abamnyama zisalele emumva uma kuziwa ngasekutshaleni izihlahla ngenxa yokungafundiseki ngokubaluleka kwezihlahla emphakathini yethu. Abesimo sezulu bakuvezile ukuthi izikhukhula ziba namandla kakhulu uma zingekho izihlahla kuleyo ndawo. |

(4)

5.3 Sebenzisa amagama alandelayo emshweni ozozakhela yona aveze izincazelo ezehlukile.

5.3.1 Izimvu (2)

5.3.2 Inyanga (2)

5.3.2 Idumbe (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**